

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2018

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi angama-32 sekuhlangene nerubhrikhi.

IMIYALELO YOKUMAKA LELI IPHEPHA

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe.
(Ohlolwayo akumele aphenndule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)
2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, izinkondlo ezimiselwe, maka kuphela ezimbili zokuqala.
3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.
4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.
5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe imemo.
6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
7. *Imibuzo emide*
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhrikhi **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.
8. *Imibuzo emifushane*
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.
9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.
10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikona okunikezwa amamaki.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE****'UGQOZI' – BW Vilakazi**

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe imifanekisomqondo kanye nomoya wenkondlo.
- Makuxoxwe ngekhono lembongi ngokutshenziswa kwemifanekisomqondo ukugqamisa umoya wenkondlo.
- Makuvezwe uvo lwakho (Isiphetho)

Isingeniso

Imifanekisomqondo yilawo magama/isigejane samazwi othi uma uhaya inkondlo kwakheke isithombe emqondweni salokhu imbongi ekushoyo.

La magama angathinta izinzwa (eyokubona, eyokuzwa, eyokunambitha, eyokuthinta kanye neyokuhoga), izifengqo, amagama acebile kanye nezimo zokukhuluma (izisho nezaga).

Umoya wenkondlo sibheka isimo imbongi eyayikuso ngenkathi ibhala le nkondlo. Yimizwa imbongi eyayizama ukuyidlulisa ngale nkondlo. Kule nkondlo imbongi iveza umoya oxubile, wokulangazelela / wokufisa / wokuthemba nokujabula.

Umzimba

Imbongi isebenzise le mifanekisomqondo elandelayo ukugqamisa umoya wale nkondlo.

Ibinza loku-1

Umoya otholakala kuleli binza owokulangazelela / owokufisa / owokuthemba 'Ngakhuleka laze layoshona' imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokuzwakalayo. Imbongi yayilangazelela/ifisa/inethemba imile ikhuleka, ingaphendulwa muntu laze layoshona.

Ibinza lesi-2

Umoya otholakala kuleli binza owokujabula / wokuncoma, 'Kwafika kim' uMkabayi emuhle'. Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo/ (inzwa yokubona). Imbongi yayijabule ngoba yabona isibonakaliso sikaMkabayi emuhle. Iphinde yasebenzisa umfanekisomqondo wokubonakala, 'Ngabon' umlind' masango evula'. Imbongi iveza umoya wenjabulo ngoba yabona kuvuleka amathuba okwethweswa amandla obumbongi. 'Kwangen' emakhalen' am' iphunga.' Umfanekisomqondo wokuhoqelekayo oveza umoya wokujabula nokweneliseka njengoba isingaphakathi esigodlweni. Wangithatha phansi wangiphonsa phezulu- Wazinika isikhathi sokuyibukisisa imbongi, kungathi kukhona ayefuna ukukufunda kuyo.

Ibinza lesi-3

'Ngangena ngishwaben' ulimi' - Umfanekisomqondo wokubonakalayo (oyisisho) wayekhunganathekile/ebuka ngokumangala waze wahluleka nawukukhuluma. Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo, 'Ngenaba ngazicabanga ngiyinkosi'. Imbongi isebenzise isingathekiso ukuveza umoya wokujabula.

Ibinza lesi-4

Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo, 'Ngawabon' evaliwe noDukuz' esefile'. Imbongi iveza umoya wokukhathazeka uma ibona ukuvaleka kwamasango okuchaza ukuvaleka kwamathuba okuqeqeshelwa ubumbongi. Iphinde isebenzise ihaba, 'Lwagcwala umlom' ulimi lwami'. Imbongi ichaza ukuthi inokukhathazeka ngenxa yokuthi iyahluleka ukukhuluma.

Ibinza lesi-5

Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokuzwakalayo, 'Namhla kangikwaz' ukuthula'. Imbongi ijabule ngoba ulimi seluqaqekile. Iphinde yasebenzisa isingathekiso '... imikhonto' emele izinkondlo okuwumfanekisomqondo wokuzwakalayo, 'Vuk' ubong' indaba yemikhonto! UMkabayi uyamvusa, umnika amandla okuhaya nokubhala izinkondlo. Umvusa ngisho ebusuku kwesikabhadakazi ukuba enze lo msebenzi wokubhala izinkondlo. 'Nank' umthwal' engakwethwesa wona. Umthwalo imbongi ingathekisa umsebenzi onzima okwakumele iwenze wokubhala izinkondlo. Ibinza liveza umoya wokutusa okhonjiswa imbongi ngalolu gqozi / amandla esinawo okuhaya izinkondlo.

ISIPHETHO (UVO LOHLOLWAYO)

Imbongi iphumelele ukusivezela imifanekisomqondo ukusethulela umoya wale nkondlo ngokusebenzisa izinzwa, ihaba nesingathekiso.

(Impendulo mayibhalwe njenge-eseyi)

(Nezinye izibonelo ezithinta imifanekisomqondo ziyokwemukelwa.)

[10]

UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE**'KWANDONGAZIYADUMA' – EJ Mhlanga**

- 2.1 Isigqi esisheshayo.√ Nakuba yonke imigqa ivalekile/inezimpawu zokuloba kodwa ngenxa yokweqiwa konkamisa kanye nomoya wokujabula okuleli binza kwenza isigqi sisheshe.√ (2)
- 2.2 Imbongi ikhalela amaqhawe akwaZulu adlula emhlabeni√ angazange athole ukuhlala kahle/ukuganwa ngoba ezama ukulwela isizwe sakwaZulu ukuze ahlonishwe.√ (2)
- 2.3 Leli binza liqukethe umoya wokuncoma / wokutusa / wenjabulo.√ Ngakho-ke lo mugqa ulekelele ukuba kuqondwe ukuthi intsha ishiye impilo yasemakhaya yaya ezikhungwini zemfundo ephakeme yafunda, yahlabana ngeziqu.√ (2)
- 2.4 Imbongi ihlose ukugcizelela injabulo noma ukuthakasa okukhonjiswa abantu uma sebethole ukukhanya ngenxa yemfundo nemisebenzi yayo emihle.√√ (2)
- 2.5 Indikimba yale nkondlo igqamisa imfundo / ulwazi√. Imbongi isebenzise isingathekiso ubumnandi bobisi oluchaza ubumnandi bemfundo kanye nesifaniso 'okwensengwakazi okuveza ukuthi imfundo yasezikhungweni zemfundo iphakeme ijulile futhi isabalele.√ (2)

[10]

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**'NGIZW' UTHANDO' – JM Sikakane**

- 3.1 Ukwenzasamuntu / Isenzasamuntu.√ Uthando aluyena umuntu kodwa uma selukungenile luyakwazi ukukwenzisa izinto obungacabangi ukuthi ungazenza.√ (2)
- 3.2 Okufanayo uthando oluhlukumezayo/olusanganisayo/olumenza angakwazi ukuzicabangela.√ Ebinzeni lesi-4 imbongi ithi ayikwazi nokulala/ubuthongo buyaphela ngenxa yalolu thando kanjalo ebinzeni lesi-8, ithi lolu thando luyenzisa izinto eziningi ingabe isakhombisa ukucabanga.√ (2)
- 3.3 Ifanangwaqa u- 'ng' lilekelele ngokuletha umgqumo omnandi√ oveza ukuthi yimbongi uqobo lwayo ezwa uthando osuluwumthwalo, ayisakwazi nokugxilisa ingqondo emsebenzini ewenzayo.√ (2)
- 3.4 Imbongi ihlose ukugqamisa ukuthi inothando olujulile oluyidla ngaphakathi engeke ikwazi nokuxoxela noma ichazele omunye umuntu ngalo ngoba kungenzeka ukuthi lowo muntu angaluqondi lolu thando.√√ (2)
- 3.5 Imbongi isisebenzise kahle isenzukuthi, 'cwaka' esichaza ukuthula ungasho lutho nhlobo kodwa lapha sinokuphikisana nokuchazwa yiso√ ngoba akukho ukuthula kuye, uyakhuluma ngaphakathi kuyena ngenxa yalolu thando aluzwayo ukugqamisa ukuthi inothando olukhulu oluyidlayo/uthando oluzwiwa yiyo yodwa.√ (2)
- [10]**

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**'NKOSI SIKELELA I-AFRIKA' – CT Msimang**

- 4.1 Ukuxhumana okumaphakathi√
Udondolo lwabo yithemba,
Ukholo lwabo luwubhoko√ (2)
- 4.2 Le migqa iqukethe umqondo wokuthi abantu base-Afrika le mbongi ekhuluma ngabo bakhuluma ngobunye/ngokuzwana / ngokubumbana√ njengoba bebaningi / beyizinhlanga ezahlukene kodwa bakhombisa ubudlelwano obuhle bokubumbana bakhuluma ngazwi linye.√ (2)
- 4.3 Ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba emigqeni eminingi yale nkondlo kube nomphumela wokuthi isigqi sinense.√ Lezi zimpawu zokuloba zigqamisa ukukhathazeka kwembongi.√ (2)
- 4.4 Impindwa isebenze ukulekelela ofundayo ukuba aqonde ukuthi impindwa iyagcizelela / idala isigqi.√ Imbongi inxusa / icela/incenga uNkulunkulu ukuba abusise i-Afrika ukuze kuphele ububi nokungezwani okwenzeka e-Afrika.√ (2)

- 4.5 Esikhathini esiningi imithandazo yabantu iyafika eNkosini kuphele nokuhlupheka kwabo njengoba leli binza lisho ukuthi zonke izinkinga ezikhungethe i-Afrika ziyophela kube khona intokozo engapheli ngenxa yemithandazo ebilokhu ibhekiswe kuMdali. Imbongi igcina ngamazwi okunxusa uMdali ukuthi akayibusise i-Afrika ukuze ihlale ibumbene.√√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

(2)
[10]

KANYE

UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE

'NGIYAZITHOBA' – Wm V Ngiba

- 5.1 Ngifis' okwentuthwane.√
Isifaniso. √ (2)
- 5.2 Ithoni yokukhathazeka / yokuphelelwa yithemba / yokubalisa√ njengoba imbongi ikhombisa ukungabi nalutho / ukweswela / ibukelwa phansi nakuba kunjalo iyabekezela / inethemba.√ (2)
- 5.3 Isimo sokukhuluma silekelele ukukhombisa ukuthi imbongi ingumuntu ozithobile / ophansi futhi osebenza kanzima / ngokuzikhandla nakuba isimo sempilo yayo singesihle neze.√√ (2)
- 5.4 Imbongi isebenzise impindwa 'Ngiyazithoba' ngenhloso yokugcizelela ukuhlonipha okudlulele kwalo muntu√ njengoba eziphoqa enokuzenzisa ngenxa yesimo sokungakwazi ukuzilwela nokudlulisa imizwa yakhe noma ebona ukubandlululwa nokugqilazwa kodwa akasho lutho kwabamhlukumezayo.√
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 5.5 Imbongi iphumelele kahle ekusebenziseni izimpawu zokuloba ezidale ukuthi isigqi sale nkondlo sinense.√ Imbongi iyabalisa / ikhathazekile ngesimo sokuhlukumezeka ezithola ikuso ingenakwenza lutho ngenxa yengcindezelo ngokobuzwe bayo.√ (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo senoveli.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
- Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo sale noveli.

Ukuchazwa kwesakhiwo

- Isakhiwo siwukubumbeka kwendaba (umumo wendaba) ukusuka ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.
- Isakhiwo sehlukane amazinga amathathu: isingeniso, umzimba nesiphetho.

Isingeniso

- Esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka, inkinga abhekene nayo eba yisisusa sodweshu kanye nesizinda.
- Umhlengi / UMahlengi nguye umlingiswa osemqoka inkinga yakhe ukuthi unemizwa yokuthanda abantu abanobulili obufana nobakhe (abesilisa) okuyisisusa sodweshu. Lokhu kumenze waze wathatha isinqumo sokuyoshintsha ubulili abe nguMahlengi.
- Umbhali usivezela indawo yaseThekwini lapho indaba izogxila khona. Umhlengi / Mahlengi naye uhlala eThekwini lapho indaba iqala khona ibuye futhi iphele khona.

Umzimba

Emzimbeni sibheka ukubhebhethaka kodweshu, isixakaxaka kuze kufike kuvuthondaba.

Ukubhebhethaka kodweshu

- UMahlengi ushelwa uXolani Mpanza ngemuva kokubonana kwabo emhlanganweni wosomabhizinisi abasafufusa kanti unalo isoka lakhe uNdumiso noXolani uганиwe.
- Ulungile, inkosikazi kaXolani ixabana noXolani uma eseqala ukubona ukuthi kukhona okungahambi kahle lapha kumyeni wakhe.

Isixakaxaka

- UNdumiso, isoka likaMahlengi liyasola ukuthi uMahlengi usenomunye umuntu athandana naye.
- UNdumiso uqhutshwa isikhwele uze ugcina eseshaya uXolani.
- UNontobeko uziphonsa emotweni kaNkululeko emuva kokwaliwa uMhlengi.
- UNontobeko uthandana noNkululeko, ubuye uyamala ngobusuku obandulela usuku lomshado. UNkululeko uyazibulala ngenxa yalokho.
- UNontobeko uthungatha uMhlengi eGcilima ugcina esehamba noNgidi ukuyothungatha uMhlengi eThekwini.
- UNdumiso uhlela itulo lokuyobamba inkunzi uNgidi ukuze athole imali yokulobola uMahlengi.
- Izingane zikaXolani zisha nendlu ngenkathi uXolani evakashela uMahlengi ngoba wazikhiyela endlini.

Uvuthondaba

- Uvuthondaba siluthola lapho uNgidi, uNontobeko uNomalanga, noXolani befika efulethini lapho kuhlala khona uMhlengi.
- Bathola izindaba ezibathusayo zokuthi uMhlengi useziguqule waba ngumuntu wesifazane.
- UXolani naye uyathuka uma ezwa ukuthi uMahlengi ubengumuntu wesilisa.

Isiphetho

Umbhali uyiphethe kahle indaba yakhe ngovuthondaba. Umfundi usala nemibuzo eminingi engqondweni yakhe ngokwasala kwenzeka emuva kwalesi sigameko.

Uvo lohlohlwayo

Umbhali ukwazile ukusebenzisa ikhono lokubumba isakhiwo sale noveli. Amazinga anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kuyofinyelela esiphethweni esiwuvuthondaba. Imfihlo yomlingiswa onguMhlengi / Mahlengi yokushintsha ubulili igcina ivele obala.

(Ohlohlwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

- 7.1 Umoya wothando,√ uXolani uze kuMahlengi waze washiya nezingane zodwa ngoba esehluleke ukuzibamba efisa ukumbona noma imizuzwana nje.√ (2)
- 7.2 Umlandi usitshela ngemizwa yomlingiswa onguMahlengi kanye noXolani/ ukuthi uMahlengi wayethukile uma ezwa ukuthi uXolani ushiye izingane zodwa kanti futhi wayesenemizwa yothando ngoXolani, uXolani uvula izingalo usanganiswa uthando ayesenalo ngoMahlengi.√ (2)
- 7.3
- Ucabanga ukuthi ikhadi lebhizinisi aqeda kulinikezwa nguMahlengi alithathe noma alishiye phezu kwetafula abuye anqume ukulithatha.√
 - Ucabangana noMahlengi, ahluleke ukugxilisa umqondo emsebenzini wakhe agcine enqume ukuwuyeka njengoba wayeselokhu enza amaphutha.√
 - Ucabanga ukushayela uMahlengi ucingo kepha unokungabaza ngenxa yokuthi akazi ukuthi uzothini kuye. (3)
- 7.4 Bobabili banothando lweqiniso lukaMhlengi/Mahlengi.√ UNdumiso akaziboni ephila impilo yothando ngaphandle kukaMahlengi uze uthatha isinqumo sokuyobamba inkunzi ukuze amlobole√ kanti uNontobeko akaziboni eqhubeka nempilo ngaphandle kukaMhlengi uze athathe isinqumo sokuba ale uNkululeko ahambe ayofuna uMhlengi yize amlaxaza.√ (3)

- 7.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi akumele uvumele uthando lukubuse uze wenze izinto ezingakufaka ezinkingeni√ njengoba uNdumiso wagcina enodlame washaya uXolani, wabulala uNyambose ngenkathi eyobamba inkunzi kwaNgidi wagcina ngokuboshwa√ kanti uNkululeko wathatha isinqumo sokuzibulala emuva kokuba aliwe nguNontobeko.√ (3)
- 7.6 Bobabili bangabantu besilisa kodwa abangabuki izinto ngokufana uma kuyiwa kwezothando.√ UMandla wayekhohlelwa ekutheni uma ungumuntu wesilisa kumele ushele umuntu wesifazane√ kanti uMhlengi wayesethathe isinqumo sokulandela imizwa yakhe yokuthanda abantu bobulili obufana nobakhe. √ (3)
- 7.7 Ubudlelwano besimo senhlalo bugqamisa ukuthi bahleli kamnandi bayancokolisana / uXolani ukholelwa emithini.√ UXolani nakuba engumuntu wesilisa kodwa unolwazi lokuthi abantu besifazane uma befuna abantu besilisa babathande bahamba uMam'unengalo kanye noMgenge abadumile lapha eThekwini ngomuthi wentando. √ (2)
- 7.8 Wawuzoba muhle, uNdumiso wayezoghubeka nempilo akhohlwe uMahlengi alobole enye intokazi njengoba wayezogcina elitholile iqiniso lokuthi uMahlengi waziguqula ubulili waba umuntu wesifazane.√√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

Wawuzoba mubi ngoba wayezogcina ebabambile uMahlengi noXolani bese eyababulala njengoba ayeshilo kuMahlengi ukuthi uyombulala ngalezi zakhe uma eke waqoma.√√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

- 7.9 Ngiyavumelana ngoba uXolani uthe ebona uMahlengi okokuqala akangabe esagxilisa umqondo wakhe kulokhu ayekuzele emhlanganweni wosomabhezini kuthi noma inkosikazi yakhe isimsola ngokuthi useqonyiwe kodwa aphike.√ Unquma ukushiya izingane zakhe zodwa endlini aye kuMahlengi zisale zishe nendlu.√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo). (2)

- 7.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni isiphetho kuvuthondaba.√ Umbhali usishiya nemibuzo okumele siziphendulele thina ngokwenzeka kubalingiswa emuva kokuba sebethole amaqiniso ngoMahlengi.√ Akekho owaziyo ukuthi impilo kaNontobeko, kaXolani kanye noNgidi yaqhubeka kanjani.√

(3)
[25]

UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo senoveli.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
- Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo sale noveli.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukuchazwa kwesakhiwo

- Isakhiwo siwukubumbeka kwendaba (umumo wendaba) ukusuka ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.
- Isakhiwo sehlukaniswe amazinga amathathu: isingeniso, umzimba nesiphetho.

Isingeniso

- Esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka, inkinga abhekene nayo eba yisisusa sodweshu kanye nesizinda.
- Isisusa sodweshu umcebo kaNomvula okuyizigidi zamarandi awuwine emjahweni wamahhashi. Inkinga ukuthi akafundile nayo le mali iyamdida kakhulu akakwazi nokuyifunda. Indaba yokuwina kukaNomvula iphuma emaphephandabeni.
- Lesi sigameko senzeka eThekwini endaweni yaseThusini emajalidini lapho kusebenza khona uNomvula kanye nesoka lakhe uGenyeza. Kukhona nabanye abasebenzi abasebenza ezingadini zabelungu. Iningi lalaba basebenzi bahlwempu njengoba bengaholi imali etheni.

Umzimba

Emzimbeni sibheka ukubhebhethaka kodweshu, isixakaxaka kuze kufike kuvuthondaba.

Ukubhebhethaka kodweshu

- UGenyeza oyisoka likaNomvula uqala ukuba nesikhwele ngoba uNomvula esenemali. Ugcina esethela isibhaxu kuwo wonke umuntu onondela kuNomvula.
- UGenyeza uxabana noNomvula ngoba ebona ukuthi abantu abangamaqola sebefuna ukuqola uNomvula umcebo wakhe kanti uNomvula yena akakuboni lokhu. Ukhohliseka kalula.
- UChule ongumfundisi-mbumbulu ngobuchule bakhe ugcina emzuzile uMirriam ukuze azuze umcebo wakhe. Inhlansi yothando iyadaleka ugcina esemlobola, aphephe ngokushada naye.

Isixakaxaka

- UMaHadebe wazama ukubulala uNomvula ngokubahlanyisa benonina uMaNdelu, uthumela uMahuzu nakhona uyahluleka ngoba kugcine kufe yena uMahuzu.
- UChule uqala ukuba nesikhwele ngoba kudlala izingoma zikaGenyeza kumabonakude nasemisakazweni.
- UChule uze uthatha isinqumo sokumbulala uNomvula ukuze umcebo uzogcina sekungowakhe yedwa.

Uvuthondaba

- UChule uzama ukubulala uNomvula ulekelelwa uJamu kanye noDaffo kepha kugcina kufa yena noJamu. UDaffo uyaboshwa umcebo wonke usala kuNomvula.
- UNomvula wabeletha ingane kaChule ayeshone eseyikhulelwe.

Isiphetho

- Le ndaba iphetha ngepholavuthondaba lapho uGenyeza ebuyelana noNomvula. Baba nendumezulu yomshado bagcina sebenesithabathaba sendlu.
- Umndeni waseMangwaneni uyabuyisana, noMaHadebe uyaxolisa kuNomvula ngokuzama ukumbulala.

Uvo lohlohlwayo

Umbhali ukwazile ukusebenzisa ikhono lokubumba isakhiwo sale noveli. Amazinga anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kuyofinyelele esiphethweni. Inkinga yomlingiswa onguMirriam/uNomvula neyabantu abafuna ukumqola umcebo wakhe igcina ixazululekile

(Ohlohlwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekelwa impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

- 9.1 Umoya wentukuthelo,√ uGenyeza ufuna ukushaya abantu abafuna ukuqola uMiliyemu njengoba ewine imali kanye nezintatheli nabasemsakazweni ababengasapheli kwaDicey.√ (2)
- 9.2 Umlandi usitshela ngentuthukuthelo kaGenyeza njengoba amaqola ayefuna imali kaMirriam kanjalo nezintatheli nabasemsakazweni.√ Usitshela nangokufika kukaKhekhe ehamba noJohan Wessels owayedlala isiginci noGenyeza.√ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)
- 9.3
- Ucabanga ukuthi umyeni wakhe wayemephulile osizini ngokuhambela endodakazini yakhe kodwa uMeyili useyayifuna le mali kaNomvula njengoba ethi kumele alandwe eThekwini.
 - Ucabanga ukuthi imali ngeyakhe kanye noNomvula akuyona eyomndeni wonke babengabanika uma bethanda bangaze babizelwe umndeni.√
 - Ufisa sengathi ngabe uNomvula akayiwina le mali ngoba isimdalele amazinyo abushelelezi emndenini kanti yena ubejabulele ukuthi isimo sakhe sizoguquka emndenini wakhe.√ (3)
- 9.4 Bobabili babefuna ukucebisa ngemali kaNomvula.√ UMaHadebe wathumela uMahuzu ukuthi ayodlisa uNomvula umuthi ukuze ahlanye bathole umcebo√ kanti UChule wahlela noDaffo ukuthi abulale uNomvula ukuze umcebo wonke kaNomvula kube ngowakhe.√ (3)

- 9.5 Umbhali uhlose ukweluleka ukuthi kumele waneliswe yilokho okutholile ungaze wenze izinto ezingakufaka ezinkingeni. ✓ UMaHadebe wafelwa indodana yakhe uMahuzu ngenxa yomhobholo wokufuna wonke umcebo kaNomvula naye wagcina egulile walala esibhedlela. ✓ kanti uChule wacabanga isu lokubulala uNomvula emuva kokubona ukuthi sebezofaka isehlukaniso, wathenga uDaffo kwagcina ngokuba kufe yena. ✓ (3)
- 9.6 UMaSikhakhane unozwelo kanti uMaHadebe akanalo uzwelo. ✓ UMaSikhakhane unquma ukuthumela intombazane ukube iye koxwayisa uMaNdelu ukuthi aze angakudli ukudla anikwa khona nokuthi akovuka ekuseni ayoshayela uNomvula ucingo amxwayise ngobungozi obuzomehlela njengoba ezothola ucingo oluvela kuMaHadebe lubika ngokufa kwakhe uMaNdelu. ✓ UMaHadebe wayenenhliziyo embi, emuva kokuzwa ukuthi uNomvula uwine izinkulungwane zamarandi wathola umuthi ekhaya wokuhlanyisa uNomvula ukuze umcebo ube ngowabo noMeyili. ✓ (3)
- 9.7 La mazwi agqamisa ukuthi impilo yaseThusini phakathi kwabantu abamhlophe nabantu abamnyama yayiyinhle. ✓ Ukuzihasha kukaWesse/s phambi kukaGenyeza, ukuphuza umqombothi kanye nokushaya isiginci kusaveza khona ukuthi uWessels wayengumlungu ongenalo ubandlululo kubantu abamnyama. ✓ (2)
- 9.8 Yayingaba yimbi, uGenyeza wayengeke adume ngaleyo ndlela, izingoma zakhe zazingeke zizwakale emsakazweni nakumabonakude zazingeke futhi zifinyelele kuChule nakuMirriam okwakuzokwenza bagcine bengabuyelananga. ✓✓ (2)
- 9.9 Ngiyavumelana ngoba uMeyili ukhombisile ukuthakaselela konke okuhle abakwenzelwa uNomvula njengoba esebakhele indlu yezitini wabathengela nesitofu. ✓ Nakuba ekuqaleni wayenenhliziyo embi, engamthandi uNomvula wayemxoshile emuva kokutholela ingane ekhaya. ✓ (2)
- 9.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni isiphetho ngoba izinto ziyaxazululeka nesimo siphindela njengoba sasinjalo phakathi kukaGenyeza noMirriam. ✓ Umbhali uphethe ngokuveza impilo kaNomvula noGenyeza ukuthi baphinda bathandana bashada. ✓ njengoba uChule wagcina ngokuciphizwa yimoto wafa, uDaffo wagwetshwa iminyaka. UNomvula wathola wonke umcebo kaChule nendlu. ✓ (3)

[25]

UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE**KUNJALO-KE – ME Wanda****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo senoveli.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
- Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo sale noveli.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukwethulwa kwesakhiwo

- Isakhiwo siwukubumbeka kwendaba (umumo wendaba) ukusuka ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.
- Isakhiwo sehlukaniswe amazinga amathathu: isingeniso/isethulo, umzimba nesiphetho.

Isingeniso

- Esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka, inkinga abhekene nayo eba yisisusa sodweshu kanye nesizinda.
- Kule noveli sethulelwa umlingiswa osemqoka onguDumazile Kheswa osanganisa uthisha wakhe, uthisha uMoloi ngobuhle.
- Inkinga abhekene nayo ukuhluleka ukubhekana nesimo sokuhletshwa ngoMemu ngento angayenzanga yokuthandana nothisha uMoloi okuyisisusa sodweshu.
- Le ndaba yenzeka esikoleni saseZenzele eMbumbulu, lapho uDumazile agcina esexoshiwe ngenxa yokukhulelwa uMoloi.

Umzimba

Emzimbeni sibheka ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka kuze kufike kuvuthondaba.

Ukubhebhetheka kodweshu

- Udweshu lwangaphakathi ludla uDumazile aze agcine emtshelile uthisha uMoloi ngodaba lokuhletshwa ngomemu mayelana ngokweshelwa nguthisha.
- UMiss Hlophe uxabana noDumazile bebanga uthisha uMoloi.
- UDumazile uyakhulelwa, uyaxoshwa esikoleni.
- uNozulu uxosha uDumazile noMaNdovela emzini wakhe ngendaba yokukhulelwa kukaDumazile.

Isixakaxaka

- Umqashi kaDumazile, uSithole uxabana nowakwakhe uMaNzimande kubangwa amahlebezi okuthandana kukaDumazile noSithole.
- USithole uthenga umuzi eMafezini eMlazi, uhlala noDumazile.
- UDumazile ushada noMtalaselwa bayaqhubeka bahlala endlini eyathengwa uSithole.
- UDumazile uphinde ubonana noMoloi khona lapha.
- USithole ulwa noMoloi kwaze kwafika izintatheli.
- UDumazile noMthovovo bashisa isitolo sikaSithole.

- UMtalaselwa uxabana nabazali bakhe bebanga ukuthi akafuni ukwakha eduze kwasekhaya.
- UDumazile uxabana nomamezala wakhe umsola ngokuthakatha.
- Kushayana oyise bezingane zikaDumazile emzini kaDumazile.

Uvuthondaba

- UDumazile usesibhedlela ugulela ukufa, ulalele umsakazo uzwa ngokufa kwabo bonke abantu besilisa alala nabo. Emuva kwalokho uvuma izono zakhe kumfundisi, uxolisa kubazali bakhe nakumamezala wakhe ngakwenzile ngemuva kwalokho uyashona.

Isiphetho

Umbhali uphethe le ndaba ngebohlololo esilithola lapho kunomngcwabo kaDumazile. Leli bohlolelo ligqamisa ukubuyisana phakathi komndeni wakwaKheswa nowakaZuma uma bengcwaba indodakazi yabo ngesizotha bebambisene.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu.)

Uvo lohlolelwayo

Konke lokhu okubaliwe kukhombisa ikhono lombhali ekwethuleni isakhiwo senoveli. Uphumelele kahle ukubumba isakhiwo sale noveli. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni esiyibohlolelo.

(Ohlolelwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE

KUNJALO-KE – MJ Wanda

- 11.1 Umoya wentukuthelo.√ UKheswa udinwe ukufika kukaDumazile ebusuku ehamba noSithole sebepethe ingane.√ (2)
- 11.2 Umlandi usitshela ngokwenzeka esiqeshaneni ukushweleza kukaSithole okumenze wakhokha inhlawulo.√ UDumazile uthatha usana lwakhe ulugonisa uyise walo uphuma endlini uyobona uLerato.√ (2)
- 11.3
- Ucabanga ngomemu noMisi ababekhuluma ngaye ngodaba lukathisha uMoloi.√
 - Ucabanga ukuthi inkinga abhekene nayo yokuhletshwa omemu ngodaba lukaMoloi angayitshela bani njengoba lo gogo ahlala ekhaya lakhe enguphoshozwayo.√
 - Ucabanga ukuthi angathandana kanjani nothisha ebe eyingane yesikole nokuthi kumele amtshele uthisha uMoloi ukuthi akayithandi le nto ayisho kuyena.√
 - Ucabanga ukuthi kumele akhombise labo abamzondela ize ukuthi usezomqoma-ke uthisha uMoloi ukuze bamzondele into eyiqiniso.√
 - Ucabanga uMiss Hlophe othi makahlukane nothisha uMoloi ekubeni yena efunga egomela ukuthi ngeke ahlukane nothisha.
- (Okuthathu kwalokhu) (3)

- 11.4 Bobabili bathathelwa uDumazile abantu babo ababathandayo/Bobabili bathathela izinto phezulu.√ UMisi Hlophe waggina ngokuxabana noDumazile esikoleni ngenxa yokuqonywa kukaMoloi nguDumazile√ kanjalo uMaNzimande waxabana noDumazile emuva kokutshelwa uLizy ukuthi uDumazile uthandana noSithole.√ (3)
- 11.5 Umbhali uhlose ukusiluleka / ukusibonisa ngokuthi kumele uthembeke kulowo othandana naye.√ UMoloi washiya inkosikazi yakhe ekhaya eGoli waba nobudlelwane nabantu abahlukene ekuthe ekugcineni washona ngenxa yokugula.√ USithole washiya inkosikazi yakhe wayohlala noDumazile, waphelwa umcebo, waboshwa, waggina ngokushona ngenxa yokugula.√ (3)
- 11.6 UMaNdovela noDumazile bakholelwa emandleni ezinyanga nemithi/ UMaNdovela waggaba uDumazile ngomuthi owawufike noyise uKheswa ewuthathe enyangeni uGubeshe ukuze kwelashwe ukudumba kwezinyawo. UMaNdovela wamcebisa ukuthi makaye enyangeni uMakhwashube ukuze amqinise akhiphe isichitho esizomqedela umsebenzi kwaSithole.√ (3)
- 11.7 La mazwi agqamisa ukuthi isimo senhlalo kwaKheswa simuncu.√ Umlingiswa onguKheswa uthukuthelele uSithole okhombisa ukudelela ngokuzifikela yena noDumazile indodakazi kaKheswa isiphethe ingane kaSithole bengazi. Lokhu ukubona njengokudelela umuzi wakoKheswa.√ (2)
- 11.8 Wawuzoba muhle, wayezovuka azithathe / azisole bese eqhubeka nokufunda nokuziphatha kahle ngokweziyalo zabazali bakhe mhlawumbe agcine esethole umuntu omthanda ngokweqiniso, ashade naye.√√ (2)
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 11.9 Ngiyavumelana ngoba uMaShandu ukwazile ukukhuluma emgcwabeni ngomakoti wakwakhe onguDumazile mayelana nezenzo zakhe ebezingezinhle azenze kuye lapho ayembize nangomthakathi.√ Nakube babengazwani engamfuni kepha wathi uyamxolela akambambeli magqubu.√ (2)
- 11.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni isiphetho ngebohlololo ngoba umndeni kaDumazile nomndeni kaMtalaselwa uyabuyisana.√ Umbhali uphethe ngenkulumo kaMaShandu enkonzweni yomngcwabo lapho exolela khona uDumazile yize babengezwani ngoba uDumazile embize ngomthakathi.√ Emuva komngcwabo umfowabo kaMnumzane Zuma wabonga kubantu ababesingathile wacela ukuba abantu badlule ekhaya beyogeza izandla.√ (3)

[25]

UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE**IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isakhiwo senoveli.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kulokho okubuziwe.
- Isiphetho sempendulo (uvo lohlolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo sale noveli.
- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kule noveli kubhekwa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo.

Ukwethulwa kwesakhiwo

- Isakhiwo siwukubumbeka kwendaba (umumo wendaba) ukusuka ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.
- Sehlukaniswe amazinga amathathu: isingeniso/isethulo, umzimba nesiphetho.

Isingeniso

- Esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka, inkinga abhekene nayo eba yisisusa sodweshu kanye nesizinda.
- Isisusa sodweshu ukufika kukaNjini Cele ongumalume kaBafana Ngubane ofika emzini kaBafana eMlazi engalindelwe ngenhloso yokuzocelela izingane zikadadewabo kaBafana, uLinono ngoba bebulawa yindlala yasemakhaya eMpaphala.
- UBafana uyenqaba ukuthatha izingane zikaLinono ngoba ezibona ephila impilo engcono kunephilwa eMpaphala.

(Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nesakhiwo kule noveli)

Umzimba

Emzimbeni sibheka ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka kuze kufike kuvuthondaba.

Ukubhebhetheka kodweshu

- UCele ubuyela emuva eMpaphala engasizakalanga ngoba uBafana engasemukelanga isicelo sakhe sokuthatha izingane zikaLinono.
- UPoppie akazifuni izingane zasemakhaya.

Isixakaxaka

- UMaXakushe ubikela uBafana ukuthi u-Euthenasia usemqedile ngokweba imali yakhe.
- UPoppie uxosha uMaXakushe ngoba ethi ubengabikeli ngani yena ngodaba luka-Euthenasia nemali.
- UBafana uya kwa-Farook ukuyobuza ngezimpahla ezithengwa ngu-Euthenasia.
- U-Euthenasia untshontsha imoto ka-Miss Hawkins uya nayo eLindelani
- UPoppie uthengela o-Euthenasia imoto ngaphandle kwemvume kaBafana.

- UBafana uyahamba ekhaya e-La Lucia, ubuyela ekhaya eMlazi.
- UPoppie ufika emsebenzini, untshontsha izincwadi zikaBafana.
- UBafana ugcina ngokuhluleka ukuza emsebenzini, unikwa izimali zakhe, uphelelwa umsebenzi.
- UBafana uhlala kwaMaMthunzi eNyukhasela, ulinyalelwa imoto yakhe.
- UMgwazeni umfowabo ka-Prisca usabisa uBafana ngokuthi uma eqhubeka nokuvula icala uzombulala.
- UBafana ugcina ngokuhamba eNyukhasela, uhlala kwaMashu kwaMaMsibi ongumhlolikazi noyithwasa.
- UBafana ushayisa imoto kamakhelwane uSibeko agcine ngokuyalelwa uMaMsibi ukuthi akaphindele ekhaya kubo ukuyolungisa amabhadi anawo.

Uvuthondaba

- Uvuthondaba lutholakala lapho uBafana ecishe eziphosa olwandle ngemoto, kwasiza ukuqhamuka kwendiya elakhuluma ngokuya esihogweni kwabantu abazibulalayo.
- UBafana ufika eMpaphala; umalume wakhe uCele uyamamukela ngokumxhawula.

Isiphetho

Umbhali uphethe le ndaba ngebohlololo. UBafana noMaMthimkhulu bagcina behlala eMfangidile, badayisa umuzi wabo ose-La Lucia. Umndeni wonke waxolelana wabuyisana.

(Umfundi angasebenzisa nabanye abalingiswa namaphuzu ukuphendula umbuzo)

Uvo lohlolwayo

Konke lokhu okubaliwe kukhombisa ikhono lombhali ekwethuleni isakhiwo senoveli. Uphumelele kahle ukubumba isakhiwo sale noveli. Amazinga esakhiwo anikezelana kahle ukusuka esingenisweni kuze kufinyelele esiphethweni. UCele nomndeni waseMpaphala bamukela uPoppie noBafana, babatholela nemisebenzi abazoyenza.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

- 13.1 Umoya wokuncenga/woxolo.√ UNgubane uyaxolisa uma uThathezakhe ekhombisa intukuthelo ngenkathi ebiza igama lakhe sakulingamulela.√ (2)
- 13.2 Umbhali usitshela ngemizwa yokucasuka namagqubu kaThathezakhe njengoba ebona ukuthi uBafana usazithwele namanje usaqhubeka nalokhu ayekwenza ngesikhathi besafunda ekolishi nasOngoye.√ UBafana ukhombisa imizwa yokukhathazeka njengoba eze kuThathezakhe ukuzofuna usizo ngomuzi wakhe kanti uThathezakhe yena uzojika agxeke yena ngokuziphatha kwakhe.√ (2)

- 13.3
- Ucabanga ukuthi kungani uPoppie wayeshiye iBhayibheli ayelinikezwe ngunina.
 - Ucabanga amazwi unina awasho kuPoppie mhlazane ebavakashela okokugcina ekhaya labo eMlazi asefizeka njengamanje.
 - Ucabanga ngezinto ayezifundise izingane zakhe kodwa lezo zinto zaphuhluka esandleni.
 - Ucabanga ngencwadi i-Basic Psychological Needs ekhuluma ngezidingo ezintathu.
- (Okuthathu kwalokhu) (3)
- 13.4
- Bobabili basiza ekwakheni umndeni wakwaNgubane.√ UThathezakhe ucebisa uNgubane mayelana nokuthi kumele aguqule inqubo abaphila ngayo nomndeni wakhe ibe nobuntu√ kanti umethiloni Mkhize ucebisa uPoppie ukuthi makabe nobuntu athathe izingane zikadadewabo kaNgubane nakuba kungezona ezakhe.√
- (Nezinye izimpendulo ezinembhayo) (3)
- 13.5
- Umbhali uhlose ukweluleka/ukubonisa ukubaluleka kokuba nobuntu ngaso sonke isikhathi.√ UNgubane wayewubukela phansi umndeni wakhe yize naye wasizwa yiwo, wacina enezinkinga wabuyela kuwo lowo mndeni wakhe waseMpaphala.√ UPoppie wayebukela phansi umndeni kaNgubane, akangafuna nokuthatha izingane zikaLinono ngoba ethi ngezasemafamu kodwa wacina ngokuba athathwe yizona izingane zaseMpaphala emafamu.√
- (Nezinye izimpendulo ezinembhayo) (3)
- 13.6
- UBen Martin noJohn Ngubane banezinkolelo ezingafani mayelana nezinga lempilo ephilwa ngabantu basemalokishini.√ UBen Martin ukholelwa ekutheni kumele kube nokuxhumana phakathi kwabantu abasemalokishini abantulayo nalabo asebehlala ezindaweni zasemadolobheni futhi abaphila impilo engcono√ kanti uJohn Ngubane wayekholelwa ukuthi impilo ephilwa ngabantu basemalokishini abantulayo ayikho ezingeni lakhe ngakho-ke akakwazi ukuzihlanganisa nabo njengoba ayebacwasa futhi ayeka nokusonta nabo.√
- (3)
- 13.7
- La mazwi agqamisa isimo esingesihle emndenini wakwaNgubane njengoba umndeni kaNgubane wawusukhombisa uqhekeko ngenxa yobukhulu phakathi kukaPoppie noNgubane.√ UDokotela uMdlalose ululeka uNgubane ukuba akaqale azwane nomakhelwane ukuze kube lula ukulungisa uqhekeko olwase lukhona emzini wakhe. √
- (2)
- 13.8
- Wawuzoba mubi, uMelody wayengaqhubeka nokuthola izingane zabanye abantu hleze agcine ngokugula. Wayengagcina ezilahlile, aduke nezwe, agcine ezibulele√ njengoba wayeyibhalile incwadi echaza ukuthi ufuna ukuzibulala.√
- (Nezinye izimpendulo ezinembhayo) (2)

- 13.9 Ngiyavumelana ngoba wayelokhu ephokophelele njalo ukuthi umndeni wakhe uhlale ubumbene, wayekhulise izingane zikadadewabo owashona uQophitshe, uLinono noBafana kanye nabazukulu bakhe o-Uzithelile noHlanganisani / wayofunela izingane zikaLinono indawo nempilo engcono kaBafana ngoba ebona ukuthi amandla aseyabaphelela bona benoMaKhumalo.✓ Waphinde wamukela uNgubane noPoppie uma sebeshaywe umhlaba yize yena bamhlukumeza bamxosha emzini wabo ngenkathi ebacela ukuthi bamukele u-Uzithelile noHlanganisani.✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

(2)

- 13.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni isiphetho esiyibohlololo, akuzange kube khona imibuzo yokuthi kazi kwagcina kwenzakaleni ngempilo kaNgubane noPoppie.✓ Umbhali unqume ukuqhubeka atshele abafundi ukuthi kwagcina kwenzakaleni ngomlingiswa omkhulu.✓ UNgubane waqhuba izifundo zakhe zokuphatha amapulazi kanti uPoppie wayakofundisa eYunivesithi ngakhokhe umbhali ugqamise ukubuyisana komndeni njengoba sebebonke eMpaphala.✓

(3)
[25]

UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

QAPHELA:

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi uchaza ukudabuka kwezinto ezithinta impilo yomphakathi nezici zezilwane ezithile enganekwaneni, izibongo kanye nehubo.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwenganekwane, izibongo kanye nehubo. Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
 - Isingeniso: Ohlolwayo enganekwaneni makachaze umlando wokudabuka kwezici zezilwane ezithile, ezibongweni zikaGcina Mhlophe kanye nehubo.
 - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe aphinde asekele kusukela ekuqaleni kuze kufike ekupheleni kobuciko bomlomo obunikeziwe.
 - Isiphetho sempendulo (Uvo lohloolwayo): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nenganekwane, izibongo kanye nehubo.

[25]

Ukuchaza umlando wokudabuka kwezinto

Umlando wokudabuka kwezinto ilapho kubhekwa khona imvelaphi yento ethile ethinta impilo yomphakathi nezici zezilwane ezithile. Kucutshungulwa ukuthi into ethile yasungululeka kanjani/noma yini eyaholela ekuthini ibe khona. Enganekwaneni ethi; 'Inkosi yezinyoni' kunomlando wesici esithinta isikhova iqola kanye nongcede.

Inkosi Yezinyoni

Umlando wesici esithinta isikhova ukuthi kwabangelwa yini ukuba silale emini kanye nokungezwani phakathi kweqola nongcede.

Nanka amanye amaphuzu anokusetshenziswa ekuphawuleni nasekusekeleni:

- Ukukhononda kwezinyoni ngokuba ibhubesi libe inkosi yazo libe lingazi lutho ngezinkinga zezinyoni.
- Umyalelo owakhishwa uMdali mayelana nokukhethwa kwenkosi yezinyoni.

- Umjaho wokusubatha kwezinyoni zibheke esibhakabhakeni.
- Ubuqili bukangcede ukudla umhlanganiso wokundiza.
- Ukuxabana kweqola nongcede kuveza umlando wesici esisenzeka namanje ukuthi iqola uma libona ungcede liyambulala kabuhlungu limchome othini ngaphambi kokuba limudle.
- Izinyoni zijaha ungcede, ungcede ungena emgodini.
- Isikhova siqapha umgodi lapho kungene khona ungcede, siyazumeka bese ungcede ephuma kube wukusinda kwakhe.
- Izilwane ziyacasuka zijaha isikhova.
- Kwaqala lapho ukuthi isikhova silale emini ngoba sicashela ezinye izilwane besesikwazi ukukhululeka ebusuku.
- Nanamuhla alukho uxolo phakathi kwesikhova nezinye izinyoni kanjalo noxolo phakathi kweqola nongcede.

Uvo lohlolwayo: Le nganekwane isifundisa ngomlando wezici zezinyoni ezithile, okungukuxabana kweqola nongcede kanye nokulala kwesikhova emini ngoba sesaba ezinye izinyoni.

Izibongo ZikaGcina Mhlophe.

Nanka amanye amaphuzu anokusetshenziswa ekuphawuleni nasekusekeleni

- UGcina Mhlophe njengengqalabutho/njengomuntu obenguyena owokuqala wesifazane ekuhayeni, ekuxoxeni nasekuqambeni ubuciko bomlomo.
- Ukhulisa, axwayisa kanye afundise izinto ezithile.
- Ukuncoma/Ukutusa uGcina ngokukhulisa imisebenzi yobuciko bomlomo.
- Ukuvezwa kukaGcina njengomuntu onamakhono ehluahlukene nokuziqhenya njengom-Afrika.
- Ukufaniswa kukaGcina nekhiwane elingenazimpethu ngoba uthi emuhle ngaphandle ebe emsulwa/engenasici ngaphakathi.
- Ukusizakala kwabantu abaningi ngolwazi olujulile abaluthola kuGcina.
- Ukuwela kukaGcina nokuhamba i-Afrika yonkana ayoxoxa izinganekwane.
- Imisebenzi kaGcina emithonjeni ejulile yolwazi ehluahlukene.
- UGcina ukwazi ukuhlalisana nabantu futhi unothando.
- Ugcine eseshade nomlungu kodwa waqhubeka nokuziqhenya ngobuzwe bakhe.

Uvo lohlolwayo: Lezi zibongo zifundisa ngomlando othinta impilo yabantu okunguGcina Mhlophe kanye nokufundisa nokuhlalisana kwakhe nabantu.

Noma kunzima

Nanka amanye amaphuzu anokusetshenziswa ekuphawuleni nasekusekeleni.

- Ihubo liveza imvelaphi yamahubo aculwa ngabantu uma bekhononda ngezinto ezithile emsebenzini noma ngezinto ezithinta impilo yabo.
- Ihubo likhombisa isibindi nokuzinikela.
- Abasebenzi bakhombisa ukuthi noma kungaba nzima kangakanani kodwa bazoya lapho bephikelele khona.
- Bazokwenza lokho asebehlose ukukwenza bengavinjelwa muntu.

Uvo lohlolwayo: Leli hubo lifundisa ngemvelaphi yamahubo athinta abasebenzi uma benento ethile abakhononda ngayo.

[25]

UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE**IZINGANEKWANE: 'AMAHLAYA ALALA INSILA'**

- 15.1 Umxoxi uqala ngokuthi kwesukasukela ... Abalaleli bathi cosu! ✓
Isethulo siveza umlingiswa osemqoka onguVelaphansi. Isizinda kusendulo ngesikhathi sokubusa kwenkosi uShaka kwaZulu. Isisusa sodweshu wukuphelelwa kukaVelaphansi ngamahlaya. ✓ (2)
- 15.2 Ayeseephelile amahlaya noma ecabanga do ukufika kanti kwakungamele adlale ngezindlebe zenkosi axoxe ihlaya elidala. ✓✓ (2)
- 15.3 Lesi sisho sichaza ukudelela ✓ Sixhumana ngokuthi esikhundleni sokuxoxa ihlaya uVelaphansi waletha amaqaka amabili ayizifele enuka ngokwedlulele lokho okwacusula uShaka ngoba ebona ukuthi uyamdelela. ✓✓ (3)
- 15.4 Lobu buciko bomlomo buqhathanisa umlando wokulwa. ✓ Enganekwaneni kuxoxwa ngokuhlaselwa nokufa kwabantu abangenacala ngokuyalelwa nguShaka ✓ kanjalo nakuleli hubo kunamabutho aholwa izinduna, ehlasela abantu ngokuyalelwa yiNkosi yamaZulu. ✓ (3)
- 15.5 Lesi saga sichaza ukuthi ungabomdelela umuntu ngoba umbona emncane. ✓ Amabutho enkosi uShaka adelela abantu bakwaNzimande ✓ kanti azothi eselwa nawo awanqobe ngokusebenzisa ukulwa ngobuhlakani egingqela amabutho kaShaka ngamatshe, kwafa amaningi amabutho. ✓ (3)
- 15.6 Ngiyazwelani noVelaphansi ngoba wayengusomahlaya ezisungulela izinto ayengahlekisa ngazo iLembe njengoba ayengacabanganga ukuthi ihlaya alenzayo lalingagcina lithukuthelise iNkosi ize ithathe isinqumo sokumbulala nomndeni wakhe. ✓ Ngangizobona ukuthi uma ngingenawo amahlaya kumele ngikhulume iqiniso. ✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

- Angizwelani ngoba isenzo sikaVelaphansi sokuletha amaqaka njengendlela yokwenza ihlaya sasibonisa ukwedelela inkosi. ✓ Ngangiyoya enkosini ngiyazise ukuthi amahlaya asengiphelele kube yiyo inkosi ethatha isinqumo ngalokho. (2)
- 15.7 Izithupha ziya egwayini. ✓✓ (2)
- 15.8 Umyalezo walezi zibongo uthi; Uma unolwazi oluningi njengodokotela uSibongile Zungu kumele ulidlulisele kwabanye. ✓ ngakho-ke lo mugqa ugqamisa ubuningi babantu abasizakala ngokuthola ulwazi kudokotela uSibongile. ✓ (2)
- 15.9 Nin' enadlel' encazeni!
Nin' eniphakel' umyen' odengezini, ✓
Imbongi isebenzise ukuxhumana siqalo u-Nin' okugcizelela indlela ababedla futhi bephaka ngayo ukudla. ✓ Lezi zithakazelo zikhuluma ngabo bonke abantu bakwaZwane. ✓ (3)
- 15.10 Indikimba imayelana nokuphila/ukuziphilisa. ✓ Leli hubo likhumbuza abantu ukuthi ubuhle bomuntu bubonwa abanye abantu emini. ✓ Ngakho-ke abantu kumele basebenze kusakhanya ukuze baphile babebahle/mabavuke basebenze kusakhanya ukuze bangalambi. ✓ (3)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

ISIQEPHU C: UMDLALO**UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
- Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yombhali yokwethula isizinda salo mdlalo.

[25]

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda salo mdlalo:

Isingeniso

Isizinda sehlukane izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo, okungaba indawo yasemakhaya noma emadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi, okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo: Lapha kubhekwa indlela abantu abaphilisana ngayo/abahlalisana ngayo.

Umzimba**Indawo:**

- Indaba yalo mdlalo yenzeka ezindaweni ezahlukahlukeni. Le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni elokishini kwaChappies eMandeni.
 - *EDark City* ilapho kuhlala khona uMdaluli Memela nomndeni wakhe kanye noChivenga. Yilapho uMdaluli ehluke kumeza khona uChivenga nomndeni wakhe.
- KwaDukuza:
 - UHeshane usebenza ehhovisi loMnyango wezaseKhaya ukhohlisa uHlengiwe ngokuthi uzomtholela umsebenzi.
 - UChivenga ugqazela uHeshane ukuba amenze isakhamuzi.
 - UChivenga ulaliswe esibhedlela ngenxa yokuphathwa isitapamnwana
 - UMBhebhezeli uvakashela uChivenga esibhedlela umtshela ukuthi uyamazi umuntu omgulisile.
- ESundumbili: (esiteshini samaphoyisa)
 - UMaMlanduli uvakashela uMdaluli esiteshini samaphoyisa emuva kokuba eboshiswe uLondiwe kade eshaya uMaMlanduli naye uLondiwe.
 - UMaMlanduli uxolisa kuChivenga ukuthi umshayile kanye nakumadodakazi akhe ngokubahlukumeza.

Inkathi/Isikhathi

- Le ndaba yenzeka esikhathi samanje.
 - UMaMlanduli usebenza efemini, ugcina ediliziwe ngoba isivalwa.
 - Iphoyisa uZayeka usebenza esiteshini samaphoyisa esikhona elokishini laseMandeni.
 - UZenyezile ungosonhlalakahle osize izingane zikaMdaluli ngenkinga yokuhlukunyezwa.
 - ULondiwe ufunda esikhungweni semfundo ephakeme, iMangosuthu.

Isimo senhlalo/sezinto:

- Isimo senhlalo siqala kunokuthula, uMdaluli ehleli kahle nomndeni wakhe, encokola, ejabule bexoxa ngemfundo yezingane. Isimo siyaguquka siba muncu emveni kokudilizwa kukaMdaluli emsebenzini.
 - UMdaluli uba nodlame, uhlukumeza umndeni wakhe, okuholela ekutheni agcine eseboshwa.
 - UMdaluli uba nomona ngempumelelo kaChivenga emsebenzini wakhe, okugcina ngokuba azame ukumkhinyabeza ngomuthi nokumlalela unyendle amlimaze.
 - Ekugcineni kuba nenhlansana yethemba lokuthi kuzobuya ukuthula emndenini kaMdaluli emuva kokuxolelana esitokisini.
 - Kufika uZenyebile onguSonhlalakahle nezindaba ezibuhlungu zokubhubha kwabantu abaningi ngesikhathi kuzamazama umhlaba eSudan lapho ayevakashele khona uMdaluli.

(Amukelekile namanye amaphuzu asekelisa isizinda.)

Isiphetho (uvo lohlohlwayo)

Umbhali uphumelele kahle ukwethula isizinda salo mdlalo. Indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo kuyakholeka futhi kuyahambelana nenkathi yamanje.

(Ohlohlwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[25]**UMBUZO 17: UMBUZO OMFUSHANE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- 17.1 Ithoni iveza inhlonipho/ukuzwelana.√ UChivenga noMbhebezeli babizana ngegama elithi mfowethu yize bengazalani beqala nokubonana/uChivenga ubiza uMbhebezeli ngokuthi Mdluli/uMbhebezeli uzwelana noChivenga ezinhlungwini ezimphethe njengoba esesibhedlela.√ (2)
- 17.2 Indawo yasemadolobheni esibhedlela√ uMbhebezeli uzobona uChivenga esibhedlela umtshela nokuthi uphuma elokishini lase*Dark City* eMandeni.√ (2)
- 17.3 UMbhebezeli uthi engumngani kaMdaluli avakashele uChivenga esibhedlela amtshela ukuthi bewumphakathi bazowa bevuka naye√ nakuba bekunguye uMbhebezeli obegquguzela uMdaluli ukuthi athakathe uChivenga.√ Uphinde atshela uChivenga nokuthi lesisi sifo esimphethe senziwe ngabantu futhi uyamazi umuntu omthakathile.√ (3)
- 17.4 UChivenga ushela uHlengiwe ngoba efuna ukuba isakhamuzi noHlengiwe agcine emqomile.√ UChivenga waya eMnyangweni wezaseKhaya kuHeshane wamnxenxa ukuthi amenzele incwadi yomshado ngokuthatha umazisi kaHlengiwe amthembise umsebenzimbumbulu.√ UHlengiwe ugqigqa eMnyangweni wezaseKhaya ukuyobheka ipasi lakhe, wathola ukuthi useshadiswe nomuntu angamazi.√ (3)

- 17.5 Lwaluzobhebhetheka udweshu.√ ngoba uMdaluli wayezoghwebeka nokuhlukumeza uChivenga aze agcine ehambile uChivenga endaweni. √√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

Lwalungeke lusaqhubeka.√ ngoba uManqina wayezokhuluma noMdaluli ambonise ukuthi kwakungafanele axazulule inkinga yakhe ngokushaya uChivenga ngaleyo ndlela bagcine sebexolelene.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

(3)

- 17.6 Umbhali uhlose ukubonisa ukuthi empilweni ziba khona izikhathi ezinzima ngakho-ke akufanele singabantu silahle ithemba√ njengoba uMdaluli wayeseqhumbula ukuthi unekhono lokwakha izindlu okwakuzoba yisisombululo sokuxosha ikati eziko njengoba wayengasasebenzi.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

(2)

- 17.7 Umbhali uveza ukubaluleka kokuhlalisana kwabantu bakhelene√ njengoba uManqina wafika wazochazela uMaMlanduli ngokudilizwa kwabo emsebenzini.√ Wafika masishane ukuzolamula ngenkathi kunokuxabana emndenini wakwaMemela futhi wacebisa uMdaluli ngezindlela ezamukelekile zokuxazulula izinkinga zomndenini.√

(3)

- 17.8 Indikimba yalo mdlalo imayelana nokucwaswa kwabokufika.√ Kulesi siqeshana uChivenga njengoba esesibhedlela uthakathwe nguMdaluli ngenxa yokumcwaswa njengoba ayemthathela umsebenzi wokwakha izindlu.√

(2)

- 17.9 Ngiyavumelana ngoba akazange akhombise ukucabangela umndenini wakhe uma esehlala uhambo lwakhe lokuyovakashela eSudan, nakuba uMaMlanduli wayemesekile kukho konke okungalungile ayekwenza.√√

NOMA

Angivumelani ngoba wabachazela ukuthi uhambo lwakhe lokuya eSudan uyofunda okuningi okanye kwakho kwakuzoba ukubuya eseyindoda eqotho ekwazi ukubheka umndenini wayo.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

(2)

- 17.10 Angizwelani naye ngoba wayengenalo ilungelo lokuhlukumeza umndenini wakhe ngenxa yokwehluleka ukumelana nezinkinga zakhe√ okwagcina kube nomphumela wokuthi aboshwe.√ Ngangingakhulumisana nenkosikazi yami ngezinkinga zami ngithole namacebo angcono.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

Ngiyazwelana naye ngoba wayehluleka ukubhekana nengcindezi yokuphelelwa umsebenzi√ njengoba wayebhekene nezikweledu eziningi nezidinga imali eningi njengasekolishi likaLondiwe.√ Ngangingahamba ngiyofuna usizo kubeluleki bezengqondo ngiqhubeke ngifune umsebenzi.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

(3)

[25]

UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa****QAPHELA:**

Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxeny zezizinda.

Ukuma kwempendulo yombuzo omude:

- Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
- Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
- Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yokwethulwa kwesizinda salo mdlalo.

[25]**Isingeniso**

Isizinda yilapho indaba yenzeka khona. Isizinda sehlukane izingxeny ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo, okungaba indawo yasemakhaya noma emadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi, okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo: Lapha kubhekwa indlela abantu abaphila ngayo, indlela abahlalisana ngayo nokuthi isisusa sodweshu asinawo yini umthelela ekuhlalisaneni kwabo.

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda salo mdlalo:

Umzimba**Indawo:**

- Indaba yalo mdlalo yenzeka ezindaweni ezahlukehlukene. Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya endaweni yeNkosi uSalimani, eMshwathi kanye nasendaweni yasedolobheni okuseMgungundlovu.
- eTsheni:
 - Inkosi uSalimani ubiza imbizo ukuze atshele isizwe ngesinqumo sikahulumeni sokuklanywa kabusha kwemingcele.
 - INkosi uSalimani udingida udaba nabafowabo lokuboshwa kwamabutho akhe ngoba ahlaselwe abantu bakaMgqabuli.
- Inkantolo yaseMshwathi:
 - INkosi uSalimani wayebizwe nguZithulele emtshela ngodaba lokuklanywa kwemingcele.
 - INkosi uSalimani wetheswa icala lokuthi abantu bakhe bahlasele abantu bakaMgqabuli.
- Inkantolo yaseMgungundlovu:
 - Inkosi uSalimani liyamthetha icala lokuhlaselwa kwamabutho akwaVimbingwenya ngabantu bakwaMgqabula.

Inkathi/Isikhathi

- Le ndaba yenzeka esikhathini sezinguquko kusanda kufika abelungu.
 - Abelungu bafika bezogoba amadlangala ezweni leNkosi uSalimani
 - Izinduna zeNkosi ezingoMphilipili, uNgoza noNgejeni baguqula. Imiqondo bagcina sebengamambuka baphendukela iNkosi uSalimani.
 - USomtsewu noZithulele bangenisa imithetho kahulumeni yokuklanywa kabusha kwemingcele nokusabisa iNkosi uSalimani.
 - Amacala okulwa kwabantu basemapulazini kanye nabeNkosi uSalimani aqulwa ezinkantolo eMshwathi kanye naseMgungundlovu.

Isimo senhlalo:

- Isimo senhlalo siyaguquguquka siyashuba kubangwa imingcele kanye nezwe. Kulo mdlalo izinto aziyihambeli kahle iNkosi uSalimani nabantu bayo ngenxa yodaba lwemingcele. Abantu benkosi uSalimani abahlalisene kahle nabelungu, bayacwaswa bathi imfuyo yabantu beNkosi uSalimani ithelela imfuyo yakobelungu ngezifo futhi izalisa izinkomazi zabo uhlobo olungasile lwezinkomo. Kukhona nokuhlalisana kahle kwabantu beNkosi uSalimani.
 - Abantu bakaMgqabula bahlasela amabutho emzini kaMcondo ekuholele ekuboshweni kukaNomezelo.
 - Inkosi uSalimani uhlonipha bonke abantu ngoba uyababiza bonke embizweni ngisho nabesifazane imbala.
 - Bala ukulandela amasiko nemikhuba yesintu njengokususa ubuthi okhambeni lotshwala njengoba sithola kwenza uNomezelo.

(Amukelekile namanye amaphuzu asekela isizinda.)

Isiphetho (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele kahle ukwethula isizinda salo mdlalo. Indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo kuyakholeka futhi kuyahambelana nenkathi yenguquko. Lapho abamhlophe babezithathela imihlaba yabantu abamnyama ngobuqili.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- 19.1 Ithoni iveza inhlonipho.√ Inkosi uSalimani akababizi ngamagama abafowabo kepha njalo usebenzisa igama elithi bafowethu/Inkosi uSalimani ubabiza ngezithakazelo/abafowabo bayamthopha ngokuthi bamthakazele.√ (2)
- 19.2 Indawo yasemakhaya√ njengoba uSalimani usemzini wakhe eTsheni lapho ehlezi esililini sakhe kukhona nomancishana owemboziwe/njengoba kufika abafowabo kaSalimani bakhuleka esangweni.√ (2)
- 19.3 UMphiliphi uhlangana noZithulele yize eyinduna yenkosi elokhu emthenga ngemali nangezinkomo.√ Akalikhulumi iqiniso uma ebuzwa inkosi uSalimani ukuthi bebexoxa ngani noZithulele.√ Akakhethanga ubhontshisi omnyama kepha wakhetha omhlophe ohambisana noHulumeni.√ (3)
- 19.4 USalimani wabiza imbizo enkulu ukuthi isizwe sonke siphumelele kuyonqunywa mayelana nokuwelwa koMngeni.√ USalimani wakhupha izikhamba ezimbili mayelana nokuthi abantu bavote kanjani. Babezokhetha ubhontshisi omhlophe ababezohambisana nabelungu noma bakhethe omnyama uma bezohambisana nenkosi uSalimani.√ Emuva kokuba icala lemingcele limhlale uSalimani, walidlulisela icala enkantolo enkulu yaseMgungundlovu.√ (3)

- 19.5 Lwalungaba lubi lubhebhethetheke ngoba kwakuzoba nempi kuchitheke igazi√
njengoba uSalimani inhliziyo yakhe yayibuhlungu ngokuthi ingxenywe yezwe
lakhe lithathiwe uHulumeni kanye namabutho akhe aboshiwe ngokungelona
iqiniso.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)
- 19.6 Umbhali uhlose ukusixwayisa ngezimpisi ezigqoke isikhumba semvu√
njengoba abelungu bafika ngokuthi bazohlala isikhathi esincane uSalimani
wabanika indawo yokuba bakhe izindlu bathi bazozishiyela abantu kepha
bagcina sebeziklamele imingcele ngokuthanda kwabo.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 19.7 Umbhali uveza ukuthi wonke umuntu unelungelo lokuvikeleka√ njengoba
uZithulele wayengenazo izinduna namabutho kodwa wayekwazi
ukubathumela onongqayi eNkosini uSalimani ukuba bahambise imiyalezo.√
Kwakumenza abe nesibindi sokusho lokho akuthunywe nguHulumeni yize azi
ukuthi kwakungavusa uthuthuva ngoba azi ukuthi unabavikeli.√ (3)
- 19.8 Indikimba yalo mdlalo imayelana nombangazwe.√ Lesi siqeshana sigqamisa
indikimba lapho uSalimani ebiza umhlangano wesizwe sonkana kanye
namabutho ukuyohlangana noZithulele mayelana nodaba lokuklanywa
kabusha kwemingcele olwalungamphathi kahle uSalimani ngoba le mingcele
ababeyifuna yayithatha nezwe lakhe.√ (2)
- 19.9 Ngiyavumelana ngoba uSalimani wagcina ephumelele enkantolo
yaseMgungundlovu, zaxazululeka izinkinga ezazidalwa ngabelungu zokufuna
ukuthatha indawo yakhe ngobuqili.√ UHulumeni kaSomtsewu wayalelwa
inkantolo ukuba akhokhe zonke izindleko zecala.√ (2)
- 19.10 Angizwelani naye ngoba wayengenalungelo lokuhlukumeza amalungelo
abantu√njengoba wayethunywe uHulumeni ukuba aklame indawo kaSalimani
ngobuqili.√Ngangingamukela isinqumo senkantolo, ngicebise uHulumeni
ngezindlela ezingcono zokuthola izwe ngaphandle kobuqili.√

NOMA

Ngiyazwelana naye ngoba kwakumele asebenze ngokulandela imiyalelo
kaHulumeni owayemqashile ngokwethembeka.√ Ngangingambonisa
uHulumeni ngobungozi bale nto ayenzayo.√ Hleze naye uHulumeni
wayengabona amaphutha akhe aguquke ekwenzeni izinto.√ (3)
(25)

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga****QAPHELA:**

- Ohlolwayo makaqikelele ukuthi kulo mdlalo kubhekwa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo okuyizingxenye zesizinda.
- Ukuma kwempendulo yombuzo omude:
 - Isingeniso: Ohlolwayo makethule abuye achaze isizinda.
 - Umzimba: Ohlolwayo makaphendule agxile kokubuziwe.
 - Isiphetho sempendulo (uvo lwakho): Ohlolwayo makaveze uvo lwakhe mayelana nempumelelo yokwethulwa kwesizinda salo mdlalo.

[25]**Isingeniso**

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo amayelana nesizinda salo mdlalo.

Isizinda sehlukaniwe izingxenye ezintathu kanje:

- Indawo: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo, okungaba indawo yasemakhaya noma emadolobheni.
- Inkathi: Lapha kubhekwa ukuthi indaba yenzeka ngayiphi inkathi, okungaba inkathi yamanje noma yakudala.
- Isimo senhlalo: Lapha kubhekwa indlela abantu abaphila ngayo, indlela abahlalisana ngayo nokuthi isisusa sodweshu asinawo yini umthelela ekuhlalisaneni kwabo.

Umzimba**Indawo:**

- Indaba yalo mdlalo yenzeka ezindaweni ezahlukahlukeni. Le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni eGoli.
- Ibhange iForum:
 - Ilapho kusebenza khona uPhindisiwe.
 - UNkululeko nabangani bakhe oMaqoma noSikela babamba inkunzi ebhange ngokusizwa uPhindisiwe.
- Emzini kaMathonsi:
 - UNkululeko ufika kwaMathonsi uyofuna unkosikazi wakhe uPhindisiwe nengane yakhe uZiphozonke.
 - UNkululeko ubuyela emzini kaMathonsi nobufakazi bokuthi yena uganwe nguPhindisiwe ngokusemthethweni ngokuba abakhombise incwadi yomshado kanye nesithombe zomshado.
 - UThamsanqa ufika kubo ukuzolalela insambatheka ayitshelwa ngoMathonsi yokuthi kunomlisa ogama lakhe kunguNkululeko Gubhela ozofuna uZiphozonke.
- EPhumula *Section*:
 - UThamsanqa uxabana noPhindisiwe babanga ukuthi ngubani obeshaye ucingo futhi yini le angafuni ukumtshela khona.
 - UPhindisiwe uphendula kabi uMaMhlongo ngoba ecabanga ukuthi uNkululeko.
- Ehhovisi likaThamsanqa:
 - UThamsanqa uxoxa nomngane wakhe uNkumbulo umtshela ngezinkinga abhekene nazo.
- KwaZibuseni enkantolo:
 - ONkululeko bayagwetshwa ngamacala okuthumba uSarah, ukuntshontsha imali yasebhange, ukwenza isitifiketi somshado somgunyathi.
 - UPhindisiwe uyagwetshwa ngokuntshontsha imali yasebhange.

Inkathi/Isikhathi:

- Le ndaba yenzeka enkathini yamanje lapho sekwande khona izenzo zobugebengu.
 - UNkululeko wenza isitifiketi nesithombe somshado somgunyathi.
 - UNkululeko uvezela oMathonsi isibhamu.
 - UNkululeko utshela uPhindisiwe ukuthi inkulumo yabo uyiqophe kumakhalekhukhwini.
 - UMathonsi noNkululeko bakholwa emasontweni angefani.
 - UThamsanqa unommeli ambikela izinto.
 - Kuqulwa icala likaNkululeko, uMaqoma, uSikela kanye noPhindisiwe mayelana nokuqola ibhange.

Isimo senhlalo/sezinto:

- Isimo senhlalo kulo mdlalo siyaguquguquka siyashuba/sibasihle. Kukhona oNkululeko abaziphilisa ngobugebengu kanye nomndeni wakwaMathonsi ophila ngokubambisana.
 - UNkululeko uxabana noPhindisiwe ufuna babuyelane, ufuna noZiphozonke njengoba ephuma ejele.
 - UPhindisiwe ufihlela uThamsanqa ukuthi uZiphozonke ingane kaNkululeko.
 - UThamsanqa nomndeni wakhe bangabantu abaya esontweni njalo ngoLwesithathu ukwethamela izinkonzo zabashadikazi.
 - Umndeni wakwaMathonsi ukhathazekile ngenxa yodaba olufike noNkululeko okwenza bangakwazi ukulala, banqume ukushayela uThamsanqa ucingo ukuze bezomazisa ngalolu daba.
 - UPhilisiwe uyalutheka ugcina efuna ukubulala uThamsanqa ukuze athole imali yomshwalense namanye amafa.

(Amukelekile namanye amaphuzu asekela isizinda.)

Isiphetho (uvo lohlolwayo)

Umbhali uphumelele kahle ukwethula isizinda salo mdlalo. Indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo kuyakholeka futhi kuyahambelana nenkathi yamanje nendawo yaseGoli. Lapho ubugebengu bandile bubandakanya nabantu besifazane.

(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

(Namanye amaphuzu asekela impendulo ayokwamukeleka)

[25]

UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- 21.1 Ithoni iveza intukuthelo eyayikhonjiswa uMathonsi.√ UNkululeko wayefike kwaMathonsi elethe ubufakazi bokuthi ngempela wayeshadile noPhindisiwe owayengumakoti wakaMathonsi.√ (2)
- 21.2 Indawo yasemadolobheni-eGoli/emzini kaMathonsi.√ UMathonsi uhlezi elawunji emzini wakhe eGoli kufika uNkululeko naye ongowakhona eGoli ephethe ubufakazi bencwadi yomshado phakathi kwakhe noPhindisiwe.√ (2)

- 21.3 UNkululeko uphuma ejele ufuna enye imali usongela uPhindisiwe ngokuthi uzokhipha izimfihlo.✓ Uphoqelesa uPhindisiwe noMakhangelana ukuba bavume ukuthi ungumyeni wakhe.✓ Utshela uPhindisiwe ukuthi akavume kubulawe uThamsanqa ebe azi kahle ukuthi ekugcineni uzobulala uPhindisiwe.✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)
- 21.4 UPhindisiwe waqoma uNkululeko ngoba efuna imali ngenkathi uThamsanqa esahambe ngokomsebenzi.✓ Wathola uZiphozonke emshadweni kube kungeyena okaThamsanqa.✓ UPhindisiwe wayengalikhulumi iqiniso mayelana nomuntu owayelokhu emshayela ucingo.✓ (3)
- 21.5 Lwalungagcina lulubi ngoba uThamsanqa wayengagcina ebulewe uNkululeko✓ njengoba uMakhangelana wathi uzombizela izikhondlakhondla ezedlula yena uma eqhubeka nokufuna imali yakhe.✓✓ (3)
- 21.6 Umbhali uhlose ukubonisa ukuthi kumele ukwazi ukumela isinqumo osithathayo empilweni✓ njengoba uPhindisiwe athandana noNkululeko ngenxa yokuhluleka ukulinda nokuthanda imali.✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)
- 21.7 Umbhali uhlose ukusixwayisa/ukusibonisa ukuthi uma kwenzeka isigameko esithile kubakhona laba bantu abasibonayo isigameko kodwa bangaziwa muntu bese begcina bebe ngofakazi/uhlose ukuthi kube khona omunye umuntu ozobikela amaphoyisa ngobugebengu obenzakalayo✓ njengoba lo muntu ongaziwa wathi uma ebona ubugebengu kwaba nguye oshayela amaphoyisa okwaholela ekuboshweni kukaNkululeko, abangani bakhe kanye noPhindisiwe.✓✓ (3)
- 21.8 Indikimba yalo mdlalo imayelana nobugebengu obuhleliwe/uthando lwemali.✓ Lesi siqeshana sigqamisa le ndikimba lapho uNkululeko njengoba ebuyela kwaMathonsi elethe ubufakazi bencwadi yomshado-mbumbulu afuna ukubhidliza ngayo umshado kaPhindisiwe ukuze athole imali.✓ (2)
- 21.9 Ngiyavumelana ngoba uPhindisiwe emuva kokugwetshwa wambuka uThamsanqa wachiphiza izinyembezi wabe esemnika iphepha ayebhale kulo inkondlo exolisa futhi ezisola.✓✓ (2)
- 21.10 Angizwelani naye ngoba wayengenalungelo lokuntshontsha imali yasebhange✓ njengoba ayecabanga ukuthi uzophila kahle, akhokhe izikweletu zakhe eziningi.✓ Ngangingeke ngithathe enye imali, ngangizolinda kuvulwe ibhange bese ngibatshele abaqashi konke okwenzekile.✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo)

NOMA

Ngiyazwelana naye ngoba wayenengcindezi/ukhwantalala yokuthi kwakumele akhokhele izikweletu zakhe eziningi✓ njengoba wayengasabambisene ngokomshado noThamsanqa.✓ Ngangiyokwamukela isigwebo enginikwa sona ngiguqule izindlela zokuziphatha.✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA**ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	5–6	4	3	2	0–1
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 6 AMAMAKI	-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanyane amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekelwa isihloko -Amanyane amaphuzu asekelwa kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	4	3	2	1	0–1
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. 4 AMAMAKI	-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenzisiwe ngokugculisayo.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	-Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	12–15	9–11	6–8	4–5	0–3
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 15 AMAMAKI	-Impendulo enembayo -Impendulo enhle kakhulu -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo luyabonakala.	-Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekelwa isihloko -Amaphuzu ambalwa asekelwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekelwa isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/lobuciko bomlomo/lomdlalo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	8–10	6–7	4–5	2–3	0–1
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. 10 AMAMAKI	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhleleni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.
UKWABIWA KWAMAMAKI	20–25	15–19	10–14	5–9	0–4